

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo



UDkt. Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt. Reginah Mhaule.*


*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

## OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika




Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Fifteenth edition 2025

ISBN 978-1-920458-19-5

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

# Okuqukethwe


## Isifundo 1: Zavulwa izikole — Ithemu 1: Isonto 1 - 5

**1 Zavulwa izikole — 2**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Imisindo: g, bh, kh no g
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Aa
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**2 Sivulile esikoleni — 4**
Dweba isithombe esikhombisa ukuthi wenzeni ngamaholidi
Umsebenzi wokubhalwa (gcwalisa amagama okuqedela le misho)
Umsebenzi wokubhalwa (bhala uchaze ukuthi wenzeni ngamaholidi)
Umsebenzi wokuzijabulisa(qedela ikhalenda ngokugcwalisa izinsuku ezifanele zesonto, bese udweba isithombe esikhombisa ukuthi yini abayenza usuku nosuku lwesonto)

**3 Imifaniswano — 6**
Ukufunda ngokubambisana (inkulumo-mpendulwano)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: mf, lw, ng no nc
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Bb
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**4 Umfaniswano wami — 8**
Dweba isithombe sakho esikukhombisa ugqoke umfaniswano wesikole
Gcwalisa imininingwane yakho
Bhala imisho ukhulume ngomdwebo wakho
Umsebenzi wokuzijabulisa: lebula izingubo ozibona ezithombeni.

**5 Kunomfana omusha esikoleni — 10**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: ng, nd, dl no nj
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Cc
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**6 Siyakwamukela esikoleni — 12**
Dlalani umdlalo oveza ukuthi ningamukela kanjani umfana noma intombazana entsha
Umsebenzi wokuqonda: Gcwalisa amagama adingekayo ukhombise ukuthi uyakuqonda lokhu
Ukubhala imisho ekhuluma ngomngani wakho.
Umsebenzi wokuzijabulisa(Thola indlela eya esikoleni kulesi siphithiphithi)

**7 Ezemidlalo esikoleni — 14**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: nt, th, mb, no ny
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Dd
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**8 Ngiyazithanda ezemidlalo — 16**
Dweba isithombe somdlalo othanda ukuwudlala
Bhala imisho ukhulume ngemidlalo oyithandayo/ noma ongayithandi.
Bhala imisho ukhulume ngezemidlalo noma ngemidlalo othanda ukuyidlala
Isithombe esethula imibuzo ekhethisayo

**9 Kufika umhlengikazi esikoleni — 18**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: hl, mp, kw, lw no ch
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Ee
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".
Amagama okubhekisiswa

**10 Umhlengikazi uthi … — 20**
Ukwakha imisho esuselwe ezithombeni, eqala ngamazwi athi Kufanele ngi- …
Bhala Imisho emithathu ngokuhlala uphilile
Bhala imisho uqale ngamazwi athi ngiyakwazi uku-… angikwazi uku-…
Sebenzisa izenzo
Umsebenzi wokuzijabulisa: ukuqondanisa igama nesithombe

**11 Siyadla esikoleni — 22**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: kw, mp, dw no dl
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Ff
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**12 Ukudla esikudlayo — 24**
Dweba Izithombe ezicacisa ukuthi yini okwazi ukuyinuka, ukuyinambitha, ukuyizwa uma ikuthinta, kanye nokwazi ukuyizwa
Chazela umngani wakho ngezithombe zakho
Lebula lezi zithombe zokudla
Phinda ubhale le misho usebenzise Izimpawu zokubhala ezifanele (ungqi, isibabazo kanye nophawu lokubuza)
Khomba ukudla okuthandwa nguwe nabangani bakho

**13 Senza umsebenzi wesikole ekhaya — 26**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: nz, ms, nk no ny
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Gg
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**14 Ngenza umsebenzi wasekhaya — 28**
Yenzani umdlalo ngalokhu, nihamba ngababili
Landelanisa izithombe ngokuzifaka izinombolo.
Bhala imisho ngokwenzeka ezithombeni.
Bhala amagama ngokuhlobana kwemisindo.

**15 Izivivinyo — 30**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: bh, ny, ns no nz
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Hh
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**16 Izinsuku ezibalulekile — 32**
Funda ikhalenda
Buza abangani bakho ukuthi yiziphi izinsuku abazalwa ngazo bese ubhala izinsuku abazishoyo eduze kwamagama abo)
Gcwalisa amagama abo ezinyangeni abazalwa ngazo kule khalenda

## Isifundo 2: Umndeni nabangani — Ithemu 1: Isonto 6 - 8

**17 Imindeni ehlukahlukene — 34**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: kh, y, g no s
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Ii
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**18 Umndeni wami — 36**
Dweba isithombe somndeni wakho
Hlela amagama ngokwemisindo
Bhala okuthile ngomndeni wakho
Umsebenzi wokuzijabulisa (Khetha isipho esizoya emndenini wonke
Yisho ukuthi uzonikeza bani ini kulezi zipho)

**19 Ngaya emshadweni — 38**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: dw no m w
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Jj
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".
Amagama okubhekisiswa

**20 Ngazijabulisa emshadweni — 40**
Yidlaleni le ndaba njengomdlalo wasesiteji
Nikeza izithombe izinombolo ukuze kubonakale ukuthi izehlakalo zilandelana kanjani endabeni
Bhala umusho ngesithombe ngasinye
Umsebenzi wokuzijabulisa (kwethulwa imibuzo ekhethisayo)
Thola impendulo efanele uyikokelezele

**21 Abangani bami abathembekile — 42**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: nk no nz
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Kk
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**22 Mayelana nabangani bami — 44**
Dlalani umdlalo oveza ukuthi ningamsiza kanjani omunye umuntu
Bhala imisho mayelana nokusiza ekhaya nasesikoleni
Bhala imisho ngomuntu ohlala ekusiza
Dlala lo mdlalo wokuzijwayeza imisindo

**23 Sinakekela izilwane zethu ezingabangani — 46**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: gw, dw no ns
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Ll
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**24 Izilwane zethu ezingabangani — 48**
Dweba isithombe sesilwane ocabanga ukuthi singaba wumngani omuhle
Bhala isigatshana ukhulume ngale ndaba
Gcwalisa ngesabizwana esifanele
Gcwalisa ngomsindo ny, bh, ng, wo
Qondanisa izithombe uveze ukuthi sikhathi sini sosuku (yisekuseni, yintambama noma yisebusuku)

**25 Ukwenza ikhaya lihlanzeke — 50**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: hh, mm no nd
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Mm
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**26 Ekhaya — 52**
Dweba isithombe esiveza ukuthi yini ongathandi ukuyenza uma usekhaya. Chazela umngani wakho ngesithombe
Bhala imisho eqala ngegama elithi ngithanda …
kanti engingakuthandi …
Qedela la magama usebenzisa le misindo sa, ne no ph
Dweba isithombe esiveza ukuthi wenzani njalo ekuseni, ntambama nasebusuku

**27 Siyazivocavoca — 54**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: kw, qh no ms
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Nn
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**28 Ukuzivocavoca kanye nezemidlalo — 56**
Tshela umngani wakho ukuthi yiziphi ezemidlalo ozithandayo, yiziphi ongazithandi
Qedela imisho eqala ngamagama athi ngithanda… angithandi…
Bhala izinsuku zesonto zilandelane ngendlela efanele
Dweba isithombe esiveza ozobe ukwenza ngolulodwa lwezinsuku ozibhalile
Umsebenzi wokuzijabulisa (Xoxa ngesithombe. Chazela umngani wakho ukuthi yiziphi izinto eziseduze yiziphi ezikude)


**29 Sidla ngokufanele — 58**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: dl, tsh no mb
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Oo
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**30 Imbuzi esivandeni — 60**
Dlalani le ndaba nihamba ngababili
Nikeza lezi zithombe izinombolo ulandele izehlakalo nokulandelana kwazo endabeni
Bhala umusho ukhulume ngesithombe ngasinye
Buka le mibala. Chazela umngani wakho ukuthi yimiphi imibala oyithola uma uhlanganisa lena

**31 Sisiza abanye — 62**
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Phendula ngokufaka uphawu (√) noma (×))
Imisindo: jw, nc no nd
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Hh
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

**32 Sisiza abanye — 64**
Dlalani umdlalo okhombisa ukuthi ningasiza kanjani ekhaya
Buza abangani aba-5 ukuthi bathanda miphi imibala. Bhala amagama abo nemibala abayithandayo ukugcwalisa ithebhula
Bhala indaba ukhulume ngomuntu oke wamsiza
Guqula le misho isuke enkathini yamanje iye enkathini edlule
Hlela amagama ngokwemisindo





# Isifundo 3: Ukuthatha uhambo

## Ithemu 2: Isonto 1 - 5

### 33 Izindaba ezimnandi 66
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Inkulumo ngqo
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: sh, kh no bh
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Qq
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 34 Izindaba ezimnandi 68
Xoxa ngohambo ofuna ukuluthatha
Dweba isithombe esikibheni sakho ukukhombisa ukuthi yini ozoyibona kulolo luhambo
Amabizoqho asebenzisa ofeleba
Bhala imisho ngendawo othanda ukuyivakashela
Dlala umdlalo wokuphana izipho usebenzise amagama athi ngubani, ngani kanye nesihlanganiso ngoba

### 35 Sizoya kuphi? 70
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: ndl, nt no mg
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Rr
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 36 Ngifuna ukubona ... 72
Xoxa ngezindawo ongathanda ukuzivakashela. Yini ofisa ukuyibona uma ufika kuzo?
Nikeza izithombe izinombolo ukuze indaba ilandelane kahle. bese uxoxela umngani wakho ukuthi ubonani ezithombeni
Bhala imisho ngalokhu okubona ezithombeni

### 37 Sidlula izindawo zasemakhaya 74
Ukufunda ngokuhlanganyela (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: m no mb
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Hh
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 38 Amapulazi namahlathi 76
Umsebenzi wokwenziwa (dweba izithombe zezinto ezibonwa yizingane)
Bhala imisho emayelana nesithombe
Bhala imisho ibe senkathini edlule
Umsebenzi wokubhalwa (gcwalisa igama elifanele)
Umsebenzi wokuzijabulisa (khombisa umshayeli webhasi ukuthi angaphuma kanjani ehlathini)

### 39 Sidlula edolobheni 78
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: nt, zw no sw
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Tt
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 40 USipoti ubalekile 80
Dlalani le ndaba ukuze kubonakale ukuthi niyayiqonda
Nikeza izithombe izinombolo ngokulandelana kwazo endabeni
Bhala umusho ngesithombe ngasinye
Dlala umdlalo wamagama ukuze uzijwayeze imisindo

### 41 Sibona izilwane ezinhlanu ezinkulu 82
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: ph, mv no hh
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Uu
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 42 Ezinye izilwane 84
Dweba isithombe sesilwane ofisa ukusibona.
Bhala imisho ngesithombe sakho
Dweba umugqa ukuqondanisa igama nomusho
Qedela la magama usebenzisa le misindo ph sh kh no th. bese uqondanisa igama nesithombe esifanele)
I-alfabhethi: Qedela lo mdwebo bese uwufaka umbala

### 43 Sisolwandle 86
Ukufunda ngokubambisana (indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: hl, nhl no md
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Tt
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 44 Sisasolwandle 88
Ukubhala uhlu
Ukubhala iphosikhadi
Ukubhala izinsuku zesonto ngokulandelana kwazo
Xoxa ngokuthi wenzani usuku nosuku
Bhala imisho ekhuluma ngezinto ozenza nsuku zonke
Yenza lezi zibalo zamagama bese ugcwalisa ngegama elifanele

### 45 Sesibuyela ekhaya 90
Ukufunda ngokubambisana (izihloko)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: ph, th, sh no ng
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Ww
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 46 Sisendleleni ebuyayo 92
Dweba isithombe esikhombisa ukuthi uyayiqonda indaba
Yenza imisho ngokuhlanganisa Izingxenye ezimbili ezahlukene
Bhala isigatshana ukhulume ngesikhathi lapho wake wadumala khona
Dlala umdlalo wamagama ukuzijwayeza imisindo

### 47 Sesibuyele ekilasini 94
Ukufunda ngokubambisana (Indaba, inkulumo ngqo)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: ng, lw no mx
Zijwayeze ukubhala uhlamvu Xx
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 48 Sisekhaya futhi 96
Xoxa indaba ngekhaya lakho
Bhala imisho ngendaba
Yenza imisho ngokuhlanganisa lezi zingxenye ezimbili
Dweba umzila webhasi ngokulandela indaba ukhombise ukuthi uyayiqonda

# Isifundo 4: Izindawo esihlala kuzo

## Ithemu 2: Isonto 6 - 8

### 49 Isichotho 98
Ukufunda ngokubambisana (Indaba, inkulumo ngqo)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: gw, qw no tw
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 50 Isichotho 100
Qagela ukuthi Indaba izophela kanjani
Dweba isithombe esichaza indaba
Bhala isiphetho sendaba.
Funda isiphetho sendaba
Faka umbala esithombeni esidwetshelwe le ndaba
Zejwayeze ukubhala uhlamvu Yy

### 51 Ukuduma nesichotho 102
Ukufunda ngokubambisana (Indaba, inkulumo ngqo)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: mj, mc no qh
Ukubhala ngesandla: Kopisha igama
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 52 Emva kwesichotho nokuduma 104
Xoxa indaba
Nikeza izithombe izinombolo ukukhombisa ukulandelana kwezehlakalo. Bese uxoxela umngani wakho indaba yonke
Bhala umusho ngesithombe ngasinye
Qedela lawa magama usebenzisa le misindo: ndo, le, ha, bh, lo, to
Chaza lo mdwebo

### 53 Ngike ngalibona iqhwa 106
Ukufunda ngokubambisana (Indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: xw, qh no nd
Ukubhala ngesandla: Kopisha umusho
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 54 Iqhwa elincane 108
Dweba isithombe esiveza ukuthi uBongi ubedlala kanjani eqhweni. (okubhaliwe)
Bhala imisho ngesithombe sakho
Gcwalisa onkamisa uqedele la magama ukuze aqondane nezithombe ezifanele

### 55 Izikhathi zonyaka 110
Ukufunda ngokubambisana (Inkulumo-mpendulwano)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: mc, ny no th
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 56 Izikhathi ezine zonyaka 112
Tshela umngani wakho ukuthi yini oyithandayo, yini ongayithandi ngezikhathi zonyaka ezahlukahlukene. xoxa ngokuthi zingubo zini okumele sizigqoke ngezikhathi ezahlukene zonyaka
hlanganisa izingxenye zomusho
Bhala imisho ukhulume ngesikhathi oyithandayo yonyaka kanye naleyo ongayithandi
Chaza ngomdwebo ukuthi isele liyiguquguqula kanjani impilo yalo kusukela liseyiqanda
Faka umbala eseleseleni

### 57 Lingahle line namuhla? 114
Funda ishadi lesimo sezulu bese usho ukuthi izulu lizobe linjani osukwini ngalunye
phendula imibuzo ehlola ukuthi uliqonda kangakanani ishadi lesimo sezulu.
Imisindo: ng, mb no lw
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"

### 58 Sibhala isimo sezulu 116
Qopha isimo sezulu isonto lonke
Ofeleba, ongqi kanye nombuzi
Amabizoqho amagama abafundi

### 59 Yisikhathi sini? 118
Ukufunda ngokubambisana (Indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: mv, mx no zw
Ukubhala ngesandla: Kopisha umusho
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 60 Sisho isikhathi 120
Ukusho isikhathi ewashini
Gcwalisa izikhathi kulawa mawashi
Umsebenzi wokuzijabulisa (Sika iwashi ngasekugcineni kwencwadi unamathisele izinti zalo kulo. Khombisa abangani bakho izikhathi ezahlukahlukene)

### 61 Yisikhathi sini? 122
Ukufunda ngokubambisana (Indaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: r no ndw
Ukubhala ngesandla: Kopisha umusho
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 62 Okunye okuningi ngesikhathi 124
Qondanisa izikhathi kulawa mawashi
Bhala isikhathi, bese udweba izinti emawashini ukukhombisa isikhathi esifanele
Imisindo yokuzijwayeza

### 63 Ukugqokela isimo sezulu 126
Ukufunda ngokubambisana (Iphephandaba)
Sebenzisa izinto ozibonayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani
Thola imininingwane esemqoka kokufundiwe
Umsebenzi wokuqonda (Nikeza imisho ephelele uma uphendula le mibuzo)
Imisindo: nzw no nj
Ukubhala ngesandla: Kopisha umusho
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama"
Amagama okubhekisiswa

### 64 Iphephandaba lami 128
Khuluma ngezindaba eziqoqwe nguwe
Bhala iphephandaba lakho
Sika unodoli wephepha nengubo yephepha



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 3 2019/04/02 11:18:02





Masifunde

Sibuyile esikoleni phela.
Abe made amaholidi.
Sawubona Bebe.
Sawubona Thabo.
Sawubona Sipoti.
Ubuye kuphi ngamaholidi?


Siye kobhukuda.

uThabo


uBebe

Siye kugogo.



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 2 2019/04/02 11:18:02



uMimi

Besisekhaya.




uSipoti

uJabu



Baphi oBebe noMimi noSipoti?
Sifuna ukugijima nabo.



**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| Babuyile esikoleni oJabu. | |
| UJabu uwaya kobhukuda ngamaholidi. | |
| UMimi ubesekhaya. | |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ugogo | bhukuda | ekhaya | gijima |
| ugodo | ibhuku | khula | jika |
| goba | bhobosa | khuluma | Jabu |



**Amagama okubhekisiswa**


made
esikoleni
sawubona
saya




**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".



A A a a



**Masenzeni lokhu** Dweba isithombe uveze lokho okwenze ngamaholidi ezikole.



**Masibhale** Khetha igama elilodwa uqedele ngalo umusho.

| | |
|---|---|
| Sasifuna | ____________________ kugogo. |
| Saya | ____________________ oBebe noMimi noSipoti? |
| Babekuphi | ____________________ ukugijimisana nabo. |
| Bona | ____________________ bavulile esikoleni. |



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 4 2019/01/02 11:18:01


# Imifaniswano







Masifunde



Uthisha

Sonke sigqoka umfaniswano wesikole. Usakulingana namanje umfaniswano wakho?



uBebe

Umfaniswano wami mncane. Kumele ngifake okamfowethu.



uBongi

Owami musha. Mkhulu. Umama ufuna ungilingane noma sengisebangeni lesi-5.




ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 6 2019/04/02 11:18:06

Usuku:



uMimi

Umfaniswano wami nawo mncane.



uJabu

Anginawo umfaniswano.
Ubaba uzongithengela uma ehola.




**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| UMimi unomfaniswano omncane. | |
| UBebe unomfaniswano omusha. | |
| UJabu uzoba nawo uma uyise ehola. | |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| umfana | ulwazi | ingane | incane |
| umfula | isilwane | ingubo | ncela |
| umfowabo | ulwesine | ingoma | ncika |



**Amagama okubhekisiswa**

omusha
uzoba
nawo
uma



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

B B b b

Usuku:

Masibhale

Bhala imisho emibili ngomfaniswano wakho.
Sebenzisa la magama, azokusiza.

ijezi

izicathulo

ibhulukwe

uthayi

ijakhethi


amasokisi


ihembe

isiketi

Masizijabulise

Bhala igama eduze kohlobo lwalezi zinto ezigqokwayo.






| |
|---|
| uthayi |
| |
| |
| |
| |









UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 9 2019/01/02 11:18:08

# 5 Kunomfana omusha esikoleni






Masifunde



uJimi

NginguJimi. Ngimusha kulesi sikole.
Ngima ngedwa. Bengifunda kwesinye isikole.
"Ngingajabula ukuba nomngani engizodlala naye," kusho uJimi.



uSipoti



uMimi

UMimi noSipoti babona uJimi emi yedwa. Baya kuye uJimi.



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 10 2019/04/02 11:18:09

Usuku:



uMimi

"Sawubona Jimi. Uyafuna ukudlala nathi?" kubuza uMimi.

UJimi uyajabula manje uzodlala noMimi benoSipoti.



uJimi




**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| UJimi ngumfana omusha esikoleni. | |
| OMimi benoSipoti bayoxoxa noJimi. | |
| UJimi uyajabula. | |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| nangu | funda | dlala | nje |
| ngena | landa | dlula | manje |
| ingila | indawo | idla | inja |



**Amagama okubhekisiswa**

kulesi
kwesinye
kusho



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".



C C c c



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 11 2019/01/02 11:18:10

# 6 Siyakwamukela esikoleni



## Masenzeni lokhu




Iqembu lenu malidlale umdlalo okhombisa ukuthi ningamamukela kanjani umfana noma intombazana efikayo esikoleni.



## Masikhulume

Buza abangani aba-5 ukuthi iyiphi incwadi abangathanda ukuyifunda bese ufaka umbala esikokeleni esiseduze kwaleyo ncwadi.


















Iyiphi incwadi ethandwa ngabangani bakho kakhulu?

Iyiphi incwadi engathandwa kakhulu abangani bakho.



## Masibhale


Bhala imisho emibili ngokwenzayo ukuhlonipha abantu abadala. La magama azokusiza, wasebenzise.

ikepisi | ukubingelela | ukusabela | ukubiza ngegama



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 12 2019/04/02 11:18:14

# 7 Ezemidlalo esikoleni





Masifunde



uMimi

Ngithanda ibhola lomnqakiswano.



uJimi

Sithanda ibhola lezinyawo.



uBongi

Ngithanda uzwingi.




Ngidlala nabeqa intambo.

uThabo



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 14 2019/01/02 11:18:24

Usuku:



Ngithanda ukugijima.

uDeda



uKhekhe


UKhekhe ufuna ukudlala.
Ukhubazekile. Akakwazi ukuhamba.
Udlala nenja yakhe. Sithanda
ukukhuluma naye.



Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.


| | |
|---|---|
| UKhekhe uhamba nenja. | |
| UJabu uthanda ibhola lomnqakiswano. | |
| UBongi noMimi bathanda ibhola lezinyawo. | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| into | izitho | imbazo | inyoni |
| ntanta | thatha | imbali | inyoka |
| intamo | thela | imbuzi | inyosi |



**Amagama okubhekisiswa**

kumele
kujika
akuvumi
nenja



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

D D d d

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 15 2019/04/02 11:18:27

# Ngiyazithanda ezemidlalo



**Masenzeni lokhu** Dweba isithombe somdlalo othanda ukuwudlala.



**Masibhale** Qedela le misho. Khetha la magama angezansi.

ikhekhe | ibhola lomnqakiswano | ukugijima | inhlanzi | ukuya esikoleni

| |
|---|
| Ngithanda |
| Angithandi |
| Ngithanda |
| Angithandi |



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 16 2019/01/02 11:18:28

Usuku:




**Masibhale** Bhala imisho emibili ngomdlalo othanda ukuwudlala. Sebenzisa la magama, azokusiza.

gxuma | gijima | dlala | thanda | ezemidlalo | jabulela



**Masibhale** Thola impendulo efanele uyikokelezele.









| | |
|---|---|
| A | ibhola lezinyawo |
| B | ikhilikithi |
| C | ithenisi |
| D | elomnqakiswano |

| | |
|---|---|
| A | ukubhukuda |
| B | ikhilikithi |
| C | ukugxuma |
| D | elomnqakiswano |

| | |
|---|---|
| A | umbhoxo |
| B | ikhilikithi |
| C | ijudo |
| D | elomnqakiswano |







| | |
|---|---|
| A | ithenisi |
| B | ikhilikithi |
| C | ukubhukuda |
| D | ukugxuma |

| | |
|---|---|
| A | ukubhukuda |
| B | ikhilikithi |
| C | umbhoxo |
| D | elomnqakiswano |

| | |
|---|---|
| A | ithenisi |
| B | umbhoxo |
| C | elomnqakiswano |
| D | ukubhukuda |


UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 17 2019/01/02 11:18:29


# Kufika umhlengikazi esikoleni








Masifunde




Umhlengikazi ubesesikoleni sethu ezosihlola amehlo.
UMalindi udinga izibuko. Akaboni kahle.
Njalo uhlala phambili.
Kumele ahlale ngaphambili ekilasini.





ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 18 2019/04/02 11:18:30

Usuku:



uMimi

Umhlengikazi ucela ukuthi sifunde okubhalwe odongeni.





**Masibhale** Funda le ndaba. Manje kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

| Umhlengikazi ubezosihlola: | |
|---|---|
| A | izandla |
| b | amehlo |
| c | izandla |
| d | izindlebe |

| Ngubani odinga ukusebenzisa izibuko? | |
|---|---|
| A | NguMalindi |
| B | UJabu |
| C | USusan |
| D | Mandu |

| Ngubani obefikile | |
|---|---|
| A | Ngudokotela |
| B | Ngumcimi-mlilo |
| C | Ngumhlengikazi |
| D | Ngumshayeli we-ambulense |

| Yisiphi isihloko esingaba sihle kule ndaba? | |
|---|---|
| A | UMalindi udinga izibuko. |
| B | Umhlengikazi ubefike esikoleni. |
| C | Sihlolwe amehlo. |
| D | Izindlebe zakho ziyasebenza? |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| hlala | impela | ukwazi | ulwembu | chela |
| hlaba | impempe | ukwala | ulwazi | chutha |

**Amagama okubhekisiswa**

amehlo
izibuko
udinga
uhlala





**Masibhale**

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

E E e e


UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 19 2019/01/02 11:18:38

# Umhlengikazi uthi ...





**Masenzeni lokhu** Buka izithombe utshele umngani ukuthi umhlengikazi uthe yenzani.



Xubha amazinyo.

Geza izandla.

Yidla izithelo nemifino.

Shesha ulale.



**Masibhale** Ukubhala imisho emithathu ngalokhu umhlengikazi athe kwenze.

| |
|---|
| Kufanele ngi- |
| Kufanele ngi- |
| Kufanele ngi- |



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 20 2019/04/02 11:19:05

# 11 Siyadla esikoleni





**Masifunde** Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo ph.



uMimi

Sijabulile. Sinikwa ukudla esikoleni.
Umama usiphekela ukudla okunempilo.
Siyephuza kodwa ukuphiwa ukudla.
USipoti uyakufuna naye ukudla.





ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 22 2019/04/02 11:19:18

Usuku:



uBebe

Ngithanda izaqathe.
UDeda uthanda inyama.
UNomusa uyagula.
Akathandi ukudla namuhla.



uNomusa




**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) noma (✗).

| | |
|---|---|
| UNomusa uyagula. | |
| UBebe uthanda inyama. | |
| UNomusa ufuna ukudla. | |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ukwala | impuphu | idwala | idla |
| ukwakha | impilo | kodwa | isidlo |
| ukwazi | impukane | dweba | ukudla |



**Amagama okubhekisiswa**
- sijabulile
- inyama
- ukuphiwa
- uyagula



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

F F f f



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 23 2019/01/02 11:19:27

Usuku: ______



**Masibhale** Phinda ubhale le misho usebenzise izimpawu.


? . ! ,


| |
|---|
| ujabu uthanda ushizi |
| uJabu uthanda ushizi. |
| ubongi udla inyama njalo |
| |
| uyawuthanda ubhontshisi |
| |
| nkosi yami, ngibulele amaqanda |
| |



**Masizijabulise** Faka umbala ekudleni okuthandayo.
Manje beka uphawu (✓) ekudleni okuthandayo wena nomngani wakho.











| | amashipsi | iklabishi | ikhekhe | amaswidi | isipinashi |
|---|---|---|---|---|---|
| Ngithanda | | | | | |
| Umngani uthanda | | | | | |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 25 2019/01/02 11:19:36

# 13 Senza umsebenzi wesikole ekhaya







NginguDeda. Angithandi ukwenza umsebenzi wesikole ekhaya.
Angiwuthandi. Angithandi ukuhlala usuku lonke.
Ngidlala njalo.
Uthisha uthi sifunde nsuku zonke noma sisekhaya.Uthi angenze umsebenzi wesikole emva kokudlala ibhola lezinyawo.





ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 26 2019/04/02 11:19:41

Usuku:



UDeda

Ngithanda ukukhahlela ibhola ngigijime.
Umama ubheka ukuthi ngiyawenza yini umsebenzi wesikole.
Ngiyamfundela. Uhlola umsebenzi wami.



Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.


| | |
|---|---|
| Uyadlala abhale umsebenzi wesikole. | |
| UDeda uthanda umsebenzi wesikole. | |
| Uyise ubheka umsebenzi wakhe. | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| yenza | umsele | inkomo | enye |
| amanzi | umsila | yonke | inyama |
| isithunzi | umsamo | inkinga | inyosi |



**Amagama okubhekisiswa**

uhlola
ngenze
yini
izinsuku



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

G G g g

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 27 2019/04/02 11:19:50

# Ngenza umsebenzi wasekhaya




Masenzeni lokhu




Yimani ngababili. Nibe wuDeda nothisha.
Onguthisha utshela uDeda ukuthi kungami kufanele enze umsebenzi wesikole ekhaya.

Masikhulume

Nikeza lezi zithombe izinombolo ukuze zilandelane kahle.
Emva kwalokho uxoxele umngani wakho le ndaba.



3



2



1

1 ___
2 ___
3 ___







1 ___
2 ___
3 ___

# Izivivinyo







Masifunde

Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo nz.



Namuhla zingama-20 kuNdasa.

Sibhala isivivinyo.
USipoti uhlezi phansi uyasibuka.

Ngikwazi ukufunda nokubhala ngenxa yokuthi ngenza umsebenzi.



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 30 2019/04/02 11:20:11

Usuku:




Uthisha uthi umsebenzi wami muhle.
Isivivinyo sisiza uthisha akwazi ukungisiza.
Ngiyazama ukusebenza kahle esikoleni.




**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| Ikilasi libhala isivivinyo. | |
| USipoti akesabi. | |
| Izivivinyo zenza uthisha akwazi ukusiza abafundi. | |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| bhala | inyama | izinsuku | ithunzi |
| bhimba | unyawo | insila | isenzo |
| bheka | inyanga | izinsiba | yenza |



**Amagama okubhekisiswa**

muhle
ukungisiza
ngiyazama



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

H H h h



ZUL HL Gr2 B1 TH1.indd 31 2019/01/02 11:20:17

# Imindeni ehlukahlukene





Masifunde



Alilikhulu ikhaya likaMimi.
UJabu unekhaya elikhulu.

Ekhaya siyalalelana.

Kubo kaJabu kunogogo.

Laba abanababa abanamama.
Asibasizeni.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 34 2019/04/02 11:18:14

Usuku:



uSipoti

USipoti yinja yami.
Usekhaya.
Ufuna lokhu nalokhu nalokhuya.
Laba banamakati kuphela.
Abanye abantu banamakati, izinhlanzi noma izimvu ezingabangani babo.



**Masibhale**

Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.


| | |
|---|---|
| Alilikhulu ikhaya likaMimi. | |
| UJabu unekhaya elikhulu. | |
| USipoti yikati. | |



**Sisebenza ngamagama**

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| khokha | yena | gogo | susa |
| khala | yona | goba | sala |
| khula | yini | gaqa | sika |



**Amagama okubhekisiswa**

siyalalelana
abanababa
abanamama



**Masibhale**

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

I I i i



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 35 2019/01/02 11:18:16

# Ngaya emshadweni







Masifunde

Funda le ndaba, bese ukokelezela amagama anomsindo ng.



Bongi

Ngiye emshadweni kamalume uDumi ngeSonto.
Abantu bebejabule.
Umakoti ubemuhle. Ubefake izingubo ezibukekayo.
Bekunabantu abaningi.
Bekusinwa kuculwa.
Sidlile isisu sami saba sikhulu.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 38
2019/01/02 11:15:28

Usuku:



UMimi ubegijimisa uSipoti.
Uwile walimala iminwe.
Uye kudokotela.




Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| Alilikhulu ikhaya likaMimi. | |
| UJabu unekhaya elikhulu. | |
| UBongi uye emtholampilo. | |

Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| khokha | yena | gogo | susa |
| khala | yona | goba | sala |
| khula | yini | gaqa | sika |

**Amagama okubhekisiswa**

siyalalelana
abanababa
abanamama

Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".


J J j j



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 39 2019/01/02 11:18:29

# 20 Ngazijabulisa emshadweni

## Masenzeni lokhu



Dlalani umdlalo okhombisa okwenzeka kuBongi emshadweni. Sebenzisani laba balingiswa:


- uBongi
- uSipoti
- umama
- uDokotela

## Masibhale

Nikeza lezi zithombe izinombolo 1-4 ukuze zilandelane kahle.
Xoxela umngani indaba yezithombe.









ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 40 2019/01/02 11:18:30

Usuku:




Masibhale

Bhala umusho ngalesi sithombe.
Sebenzisa la magama, azokusiza.

udokotela | umshado | wagijima | umtholampilo

ibhandishi | ugodo | iminwe | wawa



Masizijabulise

Thola impendulo efanele uyikokelezele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| A ukhathazekile | A mubi | A ugugile | A liyana |
| B ujabulile | B uthukuthele | B usemusha | B libalele |
| C uthukuthele | C muhle | C kusha | C yisebusika |



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 41 2019/04/02 11:18:37

# 21 Abangani bami abathembekile





Masifunde



Wonke umuntu udinga umngani owethembekile.
Unaye umngani?
Ngubani?
OTumi noPhila bayadlala.
Benza umsebenzi wesikole ndawonye.
Bafundisana abakubhalile.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 42 2019/04/02 11:18:38

Usuku:



OTumi noPhila banomngani othembekile. Yena nguBongi.
Umama kaBongi ugula kakhulu.
Nsuku zonke uBongi uhlanza umuzi.
Uphatha ingane yakubo yomfana.
OTumi noPhila bayomsiza.

**Masibhale**

Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| UTumi, uPhila noBongi bangabangani abakhulu. | |
| Umama kaTumi uyagula. | |
| OPhila noTumi abafuni ukusiza uBongi. | |

**Sisebenza ngamagama**

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| inkukhu | inkomo | inkawu | inkosi | inkani |
| izinzipho | isenzo | izenzo | ithunzi | kunzima |

**Amagama okubhekisiswa**

abafuni
ukusiza
uyagula
abakhulu

**Masibhale**

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

K K k k

# Mayelana nabangani bami

**Masenzeni lokhu**


Yakhani iqembu.
Dlalani ukuba nomngani odinga ukusizwa.



Yishoni ukuthi unankinga yini. Nizomsiza kanjani.

**Masibhale**

Bhala izinto ongazenza ukusiza ekhaya nasesikoleni.



**1** Ngingasiza kanjani esikoleni?

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________

**2** Ngingasiza kanjani ekhaya?

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________



## Ukusiza

**3** Ngingabasiza kanjani abangani bami?

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________

**4** Ngubani osiza mina?

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 44 2019/04/02 11:19:14

# Sinakekela izilwane zethu ezingabangani







Masifunde



USipoti yinja engezwa.

Nsuku zonke ugijimisa ikati.

Akagijimisi onogwaja.

Izolo ikati ligibele esihlahleni laphepha.

Belesaba ukwehla uma lilodwa.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 46 2019/04/02 11:19:24

Usuku:



Ngilande isikhwelo ngagibela kuso.
UMimi ungisizile.
Siqede lapho salipha ukudla ikati.
Sibone selilele likhathele.



Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| Nsuku zonke ikati ligijimisa inja. | |
| Ikati ligibele esihlahleni. | |
| UBongi ulehlisile ikati esihlahleni. | |



Sisebenza ngamagama


Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| gwinya | igwinya | gwiliza | igwala |
| dweba | yedwa | bodwa | isidwaba |
| insipho | insimu | consa | donsa |

**Amagama okubhekisiswa**

izolo
esihlahleni
liphephe
salipha



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

L L l l


UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 47 2019/01/02 11:19:28

# Izilwane zethu ezingabangani





**Masenzeni lokhu**

Dweba isithombe sesilwane esingumngani wakho.
Bhala imisho emithathu usho ukuthi kungani uthanda lesi silwane.






**Masibhale**

Gcwalisa ngesabizwana esifanele.

Yena | Yona | Lona | Bona | Thina





___________ sibuyele ekhaya ngebhasi.



_________________ bahambe ngezinyawo ukuya ekhaya.



____________________ le ntombazana inethile.



_____________________________ inja ikhonkothile.



___________________ lo mfana ungumngani wami.



______________ leli phoyisa lilinde ibhasi.

# Ukwenza ikhaya lihlanzeke







Masifunde

Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo hl.



Hhawu, kumele sisize sonke ekhaya.

Ngiyashanela, umama uhlanza impahla,

ubaba usula uthuli.

Ingane iyachitha.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 50 2019/04/02 11:19:59

Usuku:



Uma sesiqedile sihlala phansi sixoxe.
Ngifunda ibhuku noma
ngivakashele uBongi.

**Masibhale** Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| Ubaba uyawasha. | |
| Umama uyashanela. | |
| Ngiya kubo kaBongi uma sengiqedile. | |

**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| hhawu | hhayi | hhe | hhalala |
| mmi | ummbila | ummese | ummango |
| funda | landa | thanda | sinda |

**Amagama okubhekisiswa**

kumele
uhlanza
asule
uthuli

**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

M M m m



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 51 2019/01/02 11:20:02

# Siyazivocavoca







Masifunde



Uthisha uthi sonke kumele sidlale.

Ngithanda ukugijima.

Siyadlala uma sekuphume isikole.

Siyaqhudelana.

Ngithanda ibhola lomnqakiswano.




ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 54 2019/01/02 11:20:17

Usuku:

UPhila udlala ibhola lomnqakiswano ngoMsombuluko nangoLwesine.

Ulijikijela kakhulu liye kude.

Ngelinye ilanga waphula ifasitela ngebhola.





Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokufaka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.

| | |
|---|---|
| UPhila uthanda ibhola lezinyawo. | |
| UPhila udlala ibhola lezinyawo ngoMsombuluko nangoLwesine. | |
| UPhila waphula ifasitela. | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| kwala | kwasho | kwama | kwasa |
| qhuma | qhuba | qhuga | qhumisa |
| msuse | msabe | umsila | umsele |



**Amagama okubhekisiswa**

asule
phansi
uthi
ukuphuma



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

N N n n

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 55 2019/01/02 11:20:22

# Ukuzivocavoca kanye nezemidlalo



## Masenzeni lokhu

Khumbula umdlalo othanda ukuwudlala.
Tshela umngani wakho manje ukuthi yimuphi umdlalo kwezemidlalo owuthandayo nokuthi yimuphi ongawuthandi.




## Masibhale

Bhala imisho emithathu ngomdlalo owuthandayo nongawuthandi.



| Ngithanda | Angithandi |
|---|---|



_______________________________ ibhola lezinyawo.

_________________________ ibhola lomnqakiswano.

_________________________________ ukubhukuda.



## Masibhale

Bhala phansi izinsuku zesonto zilandelane ngokufanele, uqale ngeSonto.
Dweba isithombe esisho ukuthi wenzani ngoMsombuluko.

| | | |
|---|---|---|
| iSonto | | |
| uLwesihlanu | | |
| uLwesithathu | | |
| uLwesine | | |
| uMsombuluko | | |
| uMgqibelo | | |
| uLwesbili | | |



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 56 2019/04/02 11:20:31

# Sidla ngokufanele








Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo th.



Ngithanda ukudla imifino ekhiwe esivandeni sakithi.

Sitshala izaqathe, amazambane notamatisi.

Uma lingani, sinisela izitshalo.




ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 58 2019/01/02 11:20:50

Usuku:

Ngelinye ilanga imbuzi yadla zonke izitshalo.

Ngayigijimisa kodwa yangishiya.




Masibhale Phendula le mibuzo

| Utshalani esivandeni? |
|---|
| |
| Uzinisela nini izitshalo? |
| |
| Yini efike yadla izitshalo? |
| |

Sisebenza ngamagama Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| idla | dlula | dlala | isidlo |
| tshela | tshala | itshali | itshitshi |
| imba | imbazo | imbali | imbuzi |



**Amagama okubhekisiswa**
imifino
sakithi
uma

Masibhale Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

O o

# 30 Imbuzi esivandeni

## Masenzeni lokhu


Yimani ngababili. Lingisani imbuzi ingena esivandeni idla imifino.
Ubani ozoba yimbuzi?

## Masifunde

Buka izithombe unomngani wakho. Yipha izithombe izinombolo ngokulandelana.







## Masibhale


Bhala imisho emibili ngokubona esithombeni.
Sebenzisa la magama azokusiza.

imbuzi | yadla | imifino | wayisukela | isango



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 60 2019/01/02 11:20:58

Usuku: ______



Masizijabulise

Buka imibala.
Chazela umngani ukuthi mibala mini oyithola uma uhlanganisa le mibala.



# Ukuhlanganisa imibala



Imibala ebalulekile yilena:

bomvu | phuzi | luhlaza

Yithi: Uma ngihlanganisa okubomvu nokuphuzi kuphuma ________________.



kubomvu + kuphuzi = kusawolintshi

kuluhlaza + kuphuzi = kusatshani

kubomvu + kuluhlaza = kubukhwebezane



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 61 2019/01/02 11:21:00

# 31 Sisiza abanye



Masifunde



Ugogo ugugile kakhulu.

Ngijwayele ukumsiza uma ehamba.

Usebenzisa udondolo ahambe kancane.

Kubuhlungu imilenze neqolo.




ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 62 2019/01/02 11:21:02

Usuku:



Emndenini wami siyasizana sonke.

Kuhle ukuhlala nomndeni.



Masibhale

Funda le mibuzo uphendule ngokubeka uphawu (✓) eduze kwempendulo eyiqiniso bese ubeka (✗) eduze kwempendulo engelona iqiniso.


| | |
|---|---|
| UJabu usiza ugogo. | |
| Uzwa ubuhlungu eqolo nasemilenzeni. | |
| UJimi ujabule kakhulu. | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| jwayela | jwayenza | jwayeleka | kugujwa |
| ncoma | ncika | ncela | ncisha |
| indaba | indoda | induna | indawo |



**Amagama okubhekisiswa**

uma
ugugile
wami
ubuhlungu



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Manje bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

P P p p



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 63 2019/01/02 11:21:04

# 32 Sisiza abanye

Masenzeni lokhu

UBebe akathandi ukusiza ekhaya. Dlalani umdlalo nitshele uBebe ukuthi kungani kudingeka asize.

Masibhale

Buza izingane ezi-5 ekilasini ukuthi zithanda mibala mini.
Thola leyo mibala.

| Igama | Umbala awuthandayo |
| --- | --- |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Masibhale

Guqula le misho isuke enkathini yamanje iye enkathini edlule.

Ngisiza ekhaya.

Izolo ______________________________.

ODeda noBebe behla ebhasini.

Izolo bona ______________________________.

Siya epaki siyodlala.

Izolo thina ______________________________.



ZUL HL Gr2 B1 TH2.indd 64 2019/01/02 11:21:05

# Izindaba ezimnandi








Uthisha usilethele izindaba ezimnandi.

Uthe ikilasi lethu linohambo ngebhasi.
Sizohamba isonto lonke.

Sijabule sacishe sakhala.




"Bengingazi ukuthi ngizoke ngihambe ngamaholidi," kusho uBongi.




"Ngifuna ukuya olwandle," kusho uBebe.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 66 2019/01/02 11:18:34

Usuku:




"Ngifuna ukubona izilwane zasentabeni," kusho uJabu.

"Ngifuna ukubona izindawo," kusho uMimi.




Uthisha uthenge izikibha ezibukekayo esizozifaka uma sisebhasini. Sijabule kakhulu.




**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Ufuna ukuya kuphi uBebe? |
| UBebe |
| UJabu ubefuna ukubonani? |
| Ubefuna ukubona |
| Zizohamba isikhathi esingakanani izingane ngamaholidi? |
| Zizohamba |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ushilo | ushile | ushaye | ushevu |
| ikhaya | ikheli | isikhiye | ikhala |
| ibheshu | ibhodwe | ibhasi | ibhanoyi |



**Amagama okubhekisiswa**


sacishe
izindawo
izilwane
ngifuna



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

Q Q q q

# Izindaba ezimnandi



Masenzeni lokhu

Xoxela umngani wakho ukuthi ufuna niye kuphi ngoba uzobonani lapho.
Dweba isithombe sesikibha ukusho ukuthi ufuna ukubonani.





Masibhale Bhala igama lakho.

Bhala la magama usebenzisa ofeleba.

| ubongi | ubebe | ujabu | uphila | umimi |
| --- | --- | --- | --- | --- |
| | | | | |

Bhala amagama amane abangani bakho.

| | |
| --- | --- |
| | |
| | |



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 68 2019/01/02 11:18:44

Usuku:



**Masibhale** Bhala imisho emibili usho ukuthi ungathanda ukuya kuphi.



**Masizijabulise**

Izipho. Vala amehlo uthinte izipho ngeminwe. Yisho ukuthi uzosipha bani isipho osithintile. Yisho ukuthi sihle ngani lesi sipho kuye.
Khetha esakho isipho. Khetha esikathisha. Khetha futhi ezabangani.
Bhala ukuthi ukhiphe ziphi izipho. Lowo ozokhipha izipho ziphele kuye kuqala nguye onqobile.

Yithi: Isambulela ngizosinika uthisha ngoba ushiswa yilanga nsuku zonke.







ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 69 2019/01/02 11:19:20

# 35 Sizoya kuphi?





Masifunde



Siya kuphi?

Siyobona izilwane zasentabeni kuqala, bese siya olwandle.

Sizohamba ngebhasi labantwana elikhulu.

Siye sabheka ibalazwe sabona izindawo.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 70 2019/04/02 11:19:28

Usuku:



uJabu

"Ngifuna ukubona ushaka namazinyo akhe acijile," kusho uMimi.



uMimi

"Ngifuna ukumba umgodi oshonayo esihlabathini," kusho uJabu.

"Ngifuna ukubona ibhubesi namazinyo alo amakhulu," kusho uBongi.



uBongi




**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Ubefuna ukubonani uMimi? |
| UMimi ubefuna ukubona |
| Ubefuna ukubonani uBongi? |
| UBongi ufune ukubona |
| Ubefuna ukwenzani uJabu? |
| UJabu ubefuna |




**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| indlovu | indlu | indlela | indlala | ulwandle |
| santa | into | izinto | ntanta | umuntu |
| umgodi | mgade | mgeze | mgijimise | mgabisele |




**Amagama okubhekisiswa**

elikhulu
ukumba
acijile
amakhulu




**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

R R r r



## Masenzeni lokhu




Xoxela abangani bakho ukuthi yiziphi izindawo ofuna ukuzivakashela.
Ufuna ukubonani kuzona?



## Masibhale

Bhala phezu kwemigqa ukuze uthole ukuthi abantwana bafuna ukubonani.






ZUL HL Gr2 B1 THS.indd 72 2019/01/02 11:19:49

# Sidlula izindawo zasemakhaya








Masifunde Funda le ndaba bese ukokelezela amagama anomsindo th.

NguMsombuluko.

Sesisebhasini bakithi.

Ibhasi lethu lidlula eduze kwalapho kuhlala khona inunu.



Siveze amakhanda emafasiteleni sifuna ukubona inunu ehlala ehlathini kodwa ihlathi licinene.

Naziya izindlu, ummbila nezinkomo eziningi.

USipoti uyazikhonkotha izinkomo.




ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 74 2019/04/02 11:19:55

Usuku:



UBongi uvimba uSipoti. Ufuna ukwehla aphume ebhasini.



UJabu uthi, "Yima Sipoti, awuyi lapho!"




**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Bakuphi manje ngebhasi? |
| Baseduze |
| Yini eyenza uSipoti afune ukuphuma ebhasini? |
| Yingoba ubona |
| Babonani bona bonke? |
| Babona |
| Yini ehlala ehlathini? |
| ihlala ehlathini. |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| mema | misa | mela | ima |
| imbali | imbazo | imbuzi | ukumba |



**Amagama okubhekisiswa**

izinkomo
aphume
yima
izindlu



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

S S s s

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 75 2019/01/02 11:20:01




**Masizijabulise**

Dweba izithombe ukhombise ukuthi izingane zibonani.





**Masibhale** Bhala imisho emayelana nesithombe sakho.



**Masibhale** Bhala imisho ibe senkathini edlule.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Thina | si | fika | emva kwesikhathi esikoleni. |
| Yena | u | ngu | mdlali owaziwayo. |
| Yona | i | ngu | mpetha wezibalo. |
| Wena | u | ngu | mntwana ohloniphayo. |
| Bona | ba | lambile. | |
| Mina | ngi | ya | bhala. |





ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 76 2019/01/02 11:20:03

Usuku:

**Masibhale** Gcwalisa ngegama elifanele esikhaleni.

bhasi | ngebhasi | ebhasini | ngaphansi

Inja ifuna ukuphuma _________________.

Bahamba _________________.

Leli _______ lihamba kancane uma ikhuphuka.

Ibhasi lidlula ________ kwebhuloho.

**Masizijabulise** Khombisa umshayeli webhasi ukuthi kumele ahambephi ukuze aphume ehlathini.




UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr2 B1 TB3.indd 77 2019/01/02 11:20:08

# Sidlula edolobheni







Masifunde

Ibhasi lethu selingena eGoli.

Sibona izimoto eziningi nentuthu.

Kunabantu abaningi abaya ngapha abanye baya le.


Usephumile ebhasini uSipoti.

Ufuna ukuyodlala nezinye izinja ezincane.

UJabu uthi, "Buya Sipoti. Awuzwa."

Ugijima kakhulu uSipoti. Akabuyi.

Asilandeni uSipoti.





ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 78 2019/04/02 11:20:11

Usuku:



"Sipoti, buya, uzoshayiswa yizimoto!" kumemeza uBongi.



Masibhale Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Babonani edolobheni? |
| Babona |
| Yini eyenza uSipoti afune ukuphuma ebhasini? |
| Kungoba wayefuna |
| Ngubani obize uSipoti? |
| |



Sisebenza ngamagama Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| isonto | into | ntanta | intamo |
| izwa | izwe | izwi | zwakala |
| uswazi | shayiswa | iswidi | ukuswela |



**Amagama okubhekisiswa**

ezincane
akabuyi
abanye
yethu



Masibhale Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

T T t t

# USipoti ubalekile


## Masenzeni lokhu

Lingisani uSipoti ephuma ngejubane ebhasini.
Khombisani ukuthi uBongi umbize kanjani ukuthi abuye.




Nikeza lezi zithombe izinombolo ngendlela okumele zilandelane ngayo.









## Masibhale

Bhala indaba ngalokho okubona ezithombeni.




ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 80 2019/04/02 11:20:23

Usuku:

## Masizijabulise

Siqhudelana ngokuya ebhasini. Ubani ngempela ozofika kuqala ebhasini? Phonsa imali eyinsimbi phansi. Ikhanda likuvumela ukuthi uhambe kabili uya ebhasini. Uhlangothi olungenakhanda lukuvumela ukuthi uhambe kanye uya ebhasini. Lowo ozofika kuqala kubo ebhasini nguye onqobile. Uma uhamba ufika egameni, lifunde lelo gama.



# Sibona izilwane ezinhlanu ezinkulu







Masifunde

Sesisesiqiwini i-Kruger National Park.

Naziya izinyamazane eziningi zimi nendlovu.

Ngifuna ukubona ibhubesi.

Bonke abantwana balunguza emafasiteleni bafuna ukubona izilwane zasentabeni.


UJabu ubona ibhubesi elikhulu lisemuva kwenyamazane.





ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 82 2019/04/02 11:20:33

Usuku:





uJabu

"Hhe! Bonani phela. Likhulu leliya bhubesi. Lifuna ukudla inyamazane emini nje," kusho uJabu.



**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Zilwane zini ezizobonwa yizingane e-Kruger National Park? |
| Zizobona |
| Ibhubesi kungabe lifuna ukudla ini? |
| Lifuna ukudla |
| Ngubani obone ibhubesi kuqala? |
| obone ibhubesi kuqala. |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| iphaphu | iphuphu | iphela | phela |
| emva | imvelo | imvubu | imvu |
| hhayi | ihholo | ihhovisi | ihhala |



**Amagama okubhekisiswa**

zimi
leliya
ukuphuma



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

U U u u

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 83 2019/01/02 11:20:51

# Sisolwandle







Masifunde Funda le ndaba, bese ukokelezela amagama anomsindo ph.

Sesiphindela olwandle futhi ngebhasi.
Siyashisa isihlabathi.
Ulwandle lukhulu.

Amagagasi ayaphakama.
Awaphuzeki amanzi olwandle. Anosawoti.
Bonani imikhumbi emanzini.
Kunezinhlanzi eziningi olwandle.



Ngibona ushaka nomkhoma. Kumnandi ukuhamba esihlabathini. Sakha indlu ngaso.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 86 2019/04/02 11:21:03

Usuku:



USipoti umbe umgodi wawela phakathi.
Mdonseni uSipoti bo!

**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Zazikuphi izingane? |
| Izingane |
| USipoti wenzani? |
| Wawela |
| Zabonani izingane? |
| Zabona |

**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | |
|---|---|
| hleka | hlala |
| enhle | enhla |
| mdudule | mdonse |

| | |
|---|---|
| hloma | hlikihla |
| inhloko | inhlama |
| mdedele | mdala |

**Amagama okubhekisiswa**
anosawoti
phakathi
imikhumbi

**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

V V v v

Usuku:




Bhala izinsuku zesonto ngokulandelana kwazo.
Emva kwalokho usho ukuthi uyaye wenzeni usuku nosuku.

ngoLwesithathu
ngoLwesibili
ngoLwesine
ngeSonto
ngoLwesihlanu
ngoMgqibelo
ngoMsombuluko


| Usuku | Engivame ukukwenza |
|---|---|
| ngeSonto | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |




Yenza lezi "izibalo" zamagama bese ugcwalisa ngegama elifanele.
Sikwenzele okokuqala.

| | | |
|---|---|---|
| khu | za | **khuza** |
| | luma | |
| | phuka | |

| | | |
|---|---|---|
| insi | ngo | **insingo** |
| impo | | |
| umthu | | |



| | | |
|---|---|---|
| hla | lisa | |
| | mba | |
| | kula | |

| | | |
|---|---|---|
| inhla | nzi | |
| ama | | |
| impu | | |



UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 89 2019/01/02 11:21:14

# Sesibuyela ekhaya






Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo kh.



Kumele sibuyele emakhaya namuhla. Siphatheke kabi.

Besijabulile sisolwandle.

UBongi uyakhala.

Sesipakisha izimpahla zethu.



Sangena ebhasini.

USipoti uhlezi noBongi.

USipoti ubona izinkomo epulazini.



Wakhonkotha kakhulu.

Wazama ukuphuma ngefasitela.

Sakhumbula ibhishi namahlengethwa ebhukuda, edlala wodwana.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 90
2019/04/02 11:21:16

Usuku:



"Hhayi! Sipoti. Yima."



Masibhale Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| Yini eyenza izingane ziphatheke kabi namuhla? |
| --- |
| Kungoba |
| Ubani okhalile? |
| ukhalile. |
| USipoti uhlale eduze kukabani? |
| Uhlale eduze |



Sisebenza ngamagama Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
| --- | --- | --- | --- |
| phepha | thatha | shesha | ngena |
| phupha | thetha | shiya | ngoba |
| iphuphu | thutha | shishiliza | ingane |

**Amagama okubhekisiswa**

kumele
kabi
izinto





Masibhale Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

W W w w



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 91 2019/04/02 11:21:19

# Sesibuyele ekilasini





Masifunde




Sesisesikoleni futhi. "Wo, kambe ngingabuyela kanjani olwandle futhi?" kusho uBongi.




"Namuhla nizobhala indaba ngohambo lwenu," kusho uthisha.




"Ngizobhala indaba ngezilwane zasendle engizibone epulazini," kusho uBebe.




"Ngizobhala indaba ngezilwane zasentabeni engizibonile," kusho uJabu.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 94 2019/01/02 11:21:35


Usuku:



uMimi

UMimi uthi, "Ngizoya kumalume ngifike ngimxoxele."

"Ngizodlala noSipoti ngaphambi kokuyolala. Ngizophupha ngilubona ulwandle."




**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Ubani ozobhala ngezilwane? |
| ______ uzobhala ngezilwane zasendle. |
| Ubani ozobhala ngezilwane zasepulazini? |
| ______ uzobhala ngezilwane zasepulazini. |
| Uzokwenzani uBongi ngaphambi kokuyolala? |
| UBongi ______ |
| UBongi ufisa ukuphupha ngani? |
| Ufisa ukuphupha ______ |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| nje | njalo | inja | kanjani |
| lwakhe | lwethu | isilwane | ulwandle |
| mxukuze | mxake | mxoxele | mxebule |

**Amagama okubhekisiswa**

kambe
nizobhala
ngaphambi



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

X X x x

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 95 2019/01/02 11:21:37

# 48 Sisekhaya futhi



**Masenzeni lokhu**

Sixoxele izindaba zakho.
Xoxela abangani bakho ngekhaya lakho.

**Masibhale** Bhala imisho emibili ukhulume ngekhaya lakho.
Xoxela abangani bakho ngekhaya lakho.

**Masibhale** Yenza imisho emithathu.
Qondanisa okusebhokisini lokuqala nokusebhokisini lesibili.

| | |
|---|---|
| Namuhla | ubeye kubo kaBongi. |
| Izolo uMimi | ngizoya esikoleni. |
| Kusasa | ngikhathazekile |
| Abantwana | bafuna ukuya ekhaya. |

**Masizijabulise** Ekhasini elingaphesheya dweba umgwaqo ukhombise lapho kuhambe khona ibhasi.

1. Qala esikoleni.
2. Veza amapulazi.
3. Dlulela ehlathini.
4. Yilandele ufike edolobheni.
5. Veza i-Kruger National Park.
6. Veza ulwandle.
7. Buyela esikoleni.



ZUL HL Gr2 B1 TH3.indd 96 2019/01/02 11:21:37

# Isichotho







Masifunde Funda le ndaba. Manje kokelezela amagama anomsindo ng.

Bengisemgwaqweni ngiya ekhaya ngisuka esikoleni izolo ngesikhathi liqala ukuna.

Livele lana kakhulu. Ngabona amanzi.
Bengitwetwa nje ngisaba ukuduma kwezulu.
Imvula ingimanzise ubuso angangakwazi nokubona.

Bengingaboni nokuthi ngingedwa.

Angazanga ukuthi ngizohamba kanjani.

Ngakhala.



ZUL HL Gr2 B1 TT4.indd 98 2019/01/02 11:19:03

Usuku:

**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Funda la magama ulalele imisindo. |
| Ubeya |
| Uphatheke kanjani esemvuleni? |
| Uphatheke |
| Ubehamba nobani uBongi? |
| Ubehamba |


**Masibhale** Bhala isihloko esehlukile sale ndaba.

______________________________________________

______________________________________________


**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| igwala | gwinya | isigwili |
| qwa | qwaqwada | isiqwayi |
| itwetwe | twetwa | ukutwetwa |



**Amagama okubhekisiswa**
izolo
liqala
ngisaba
imvula

**Masibhale** Qedela la magama bese uwaqondanisa nezithombe ezifanele.


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| imbu___ | i___azo | i___li | itha___ | igu___ne |



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 99 2019/01/02 11:19:13

# Isichotho





Masenzeni lokhu

Ucabanga ukuthi yini eyenzeke kuBongi?
Xoxela umngani wakho ukuthi kwenzekeni kuBongi.
Yisho isiphetho esihle nesibi sale ndaba.



| Esihle | Esibi |
|---|---|
| | |



Masibhale

Bhala imisho emihlanu ngesiphetho sakho esibe sihle.
Sebenzisa la magama, azokusiza.

khala | ukuhamba | imvula | saba | inja



Masifunde

Funda lesi siphetho sendaba.

Iphele kanjani indaba?

Funda ukuthi kwenzekani kuBongi. Ngasula amehlo abexhoshwe yimvula. Nangu uSipoti eza ephethe isambulela.






ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 100 2019/04/02 11:19:20

Usuku:



Uthi ngike ngajabula. Ngivele ngasivula isambulela, ngasiphakamisa. Sagijima saya ekhaya. Ngasinda ekugcineni. Ngibonga uSipoti.



Faka umbala esithombeni. **Masizijabulise**





**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".


Y Y y y


# 51 Ukuduma nesichotho




Masifunde









## Indaba kaMimi

Besizihlalele sobabili noSipoti
ekhaya.
Kade sizidlalela esivandeni.
Ngibone amafu eba bomvu.
Bengithi alizukuna.

Kweza isichotho.

Besingangebhola
legalofu.

Kwafahlaka yonke into.
USipoti yena uye wawasukela
amatshe esichotho.

Ngizamile ukumcela abuye,
waqhubeka.
Ngamjaha waze wezwa, wawayeka.

Sithe siphela isichotho thina bese
sihlezi ngaphansi kombhede.

Lithe uma libalela, saphuma.

Sibone amatshe esichotho
angangebhola legalofu.



ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 102 2019/04/02 11:19:28

Usuku:

**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Kungabe uMimi usixoxela ngokuduma kwezulu? |
| Cha, usixoxela |
| Abengakanani amatshe esichotho? |
| Amatshe esichotho |
| Baye benzani oMimi benoSipoti ngesikhathi befikelwa yitwetwe? |
| Baye |

**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| mjikijele | mjezise | mjamele |
| mcele | mcabange | mculele |
| qhuba | qhuga | qhamuka |

**Amagama okubhekisiswa**

alizukuna
bengithi
kweza
yonke

**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

Isichotho

**Masibhale** Qedela la magama bese uwaqondanisa nezithombe ezifanele.







| | | | |
|---|---|---|---|
| ima__ | umfa__ | isand__ | a__nzi |



ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 103 2019/01/02 11:19:35

# Emva kwesichotho nokuduma








## Masenzeni lokhu

Nikeza lezi zithombe izinombolo zilandelane zisuke keweyoku-1 kuya kweyesi-4 usibonise ukulandelana kwazo, bese uxoxela umngani wakho indaba exoxwa yizo.













## Masibhale

Bhala umusho ngesithombe ngasinye.
Sebenzisa la magama, azokusiza.

- umsindo omkhulu
- isichotho
- igalofu
- itwetwe
- amafu abomvu
- ukudlala esivandeni



ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 104 2019/01/02 11:19:47


Usuku: ____________



Masibhale

Qedela la magama bese uwaqondanisa nezithombe ezifanele.
Sebenzisa lezi zinhlamvu, zizokusiza.

| ndo | le | ha | bho | lo | to |
|---|---|---|---|---|---|


| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
|  |  |  |  |  |  |
| isi____ | iso____ | ison____ | isa____ | iso____ | ise____ |



Masizijabulise

Buka isithombe bese uxoxela umngani ukuthi kwenzekani.

# Amanzi ayaguquququka




| | |
|---|---|
| 1 | Ilanga likhanya olwandle nasemifuleni. |
| 2 | Amanzi akhuphukela esibhakabhakeni. |
| 3 | Amanzi aqala ukwenza amafu. |
| 4 | Amafu enza imvula. Imvula yehlele emifuleni nasolwandle futhi. |



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 105 2019/01/02 11:19:53

# Ngike ngalibona iqhwa



Masifunde



ULindi ubona iqhwa.

Bengivakashele ugogo.

Uhlala le kude ezintabeni.

Kuyabanda khona.

Bengilala ngezingubo eziningi.

Ngivuke ngakusasa ngaxwaya.

Ngibone izinto zonke zimhlophe.

Bekuneqhwa ophahleni, kuneqhwa ezihlahleni, kuneqhwa otshanini kanye nasemgwaqweni.



Ngiye ngalithinta. Libanda kuze kube buhlungu iminwe. NoSipoti akakwazanga ukuhamba phezu kwalo ngoba liyabanda. Ugogo uye wathi angifake amasokisi ezandleni. Bengithanda ukudlala eqhweni.






ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 106 2019/04/02 11:19:59

Usuku: ____________



Masibhale Funda indaba uphendule imibuzo.




| |
|---|
| Ubekuphi uLindi ezoze abone iqhwa? |
| ULindi |
| Uye wafakani uLindi ezandleni? |
| Ufake |
| Uboneni uLindi uma evela emnyango? |
| Ubone |



Sisebenza ngamagama Funda la magama ulalele imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| xwaya | qha | yinde |
| waphoxwa | qhina | indaba |
| kuxoxwa | qhuma | induna |



**Amagama okubhekisiswa**

kude
uhlala
kuyabanda
izinto



Masibhale Zijwayeze lezi zinhlamvu. Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".



Ngiye ngavakashela ugogo.

Ngiye



ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 107 2019/04/02 11:20:02

# 55 Izikhathi zonyaka







Masifunde



uJabu

Angibuthandi ubusika. Buyabanda.



uMimi

Ngiyalithanda ihlobo. Ngiyabhukuda ehlobo. Ngithanda ukulalela umculo wezinyoni.



uBebe

Ngiyakuthanda ukuthwasa kwehlobo. Kuba namaselesele.



ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 110 2019/01/02 11:20:59

Usuku:

**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

| Ubani ongawathandi amakhaza? |
| --- |
| |
| Ulithandelani ihlobo uNomsa? |
| Kungoba |
| Ukuthandelani ukuthwasa kwehlobo uBebe? |
| Kungoba ukwazi |

**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo

| | | |
| --- | --- | --- |
| mcuphe | inyama | thela |
| mcele | umnyama | thola |
| mcobe | elinye | thuma |



| Amagama okubhekisiswa |
| --- |
| ubusika |
| ihlobo |
| ubani |

**Masibhale** Yisiphi isikhathi osithandayo ezikhathini zonyaka?

**Masibhale** Qondanisa la magama nezithombe ezifanele.







| | | | | |
| --- | --- | --- | --- | --- |
| inyosi | abazali | inyoka | izinkanyezi | izimbali |



ZUL HL Gr2 B1 THA.indd 111 2019/04/02 11:21:03

# Izikhathi ezine zonyaka





Masenzeni lokhu

Buka izithombe bese uxoxela umngani wakho ukuthi yini oyithandayo nongayithandi ngezikhathi zonyaka. Xoxela umngani wakho ukuthi zingubo zini okufanele sizigqoke ngezikhathi ezahlukene. Yisho izizathu.



Intwasahlobo



Ihlobo



Ikwindla



Ubusika



Masibhale

Yenza imisho emine.
Dweba umugqa uqondanise okusebhokisini lokuqala nokusebhokisini lesibili.

| | |
|---|---|
| Angibuthandi ubusika ngoba | uma kuthwasa ihlobo. |
| Izilwane ziba nabantwana | ngithanda ukubhukuda. |
| Ngithanda ihlobo ngoba | buyabanda. |
| Ebusika | ayawa amacembe. |



Masibhale

Bhala umusho ngesikhathi sonyaka ongasithandi naleso osithandayo.

Ngithanda

Angithandi uma




ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 112 2019/01/02 11:21:05

Usuku: ______________



Masikhulume

Xoxela umngani wakho ukuthi isele likhula kanjani. Liba yiqanda, libe unoshobishobi, libe yisele elincane elinomsila bese liba yisele.






Masizijabulise

Faka umbala esithombeni sesele.



UTHISHA: Ukusayina ______________ Usuku ______________



ZUL HL Gr2 B1 TG4.indd 113 2019/01/02 11:21:12

Usuku:



Masibhale

Bhala izimpendulo zale mibuzo.

| | |
|---|---|
| Leli thebhula lesimo sezulu elayiphi inyanga? | |
| Zingaki sezizonke izinsuku kule nyanga? | |
| Zingaki izinsuku elibalele ngazo? | |
| Zingaki izinsuku elinamafu ambalwa ngazo? | |
| Lina izinsuku ezingaki? | |
| Liduma izinsuku ezingaki? | |
| Kunomoya izinsuku ezingaki? | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | |
|---|---|---|
| ngena | yimba | sulwa |
| ingane | embatha | thulwa |
| ingalo | imbobo | lulwa |



**Amagama okubhekisiswa**

sezulu
izinsuku
lesimo
lapho



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".



Isimo sezulu

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 115 2019/01/02 11:21:22

# 59 Yisikhathi sini?

Masifunde

Namuhla uJabu ulale isikhathi eside.

USipoti uze wagibela phezulu kwakhe akangavuka.









Umama kaJabu ufikile wamvusa. Wamxoxisa akangezwa.

Uvuke lapho uJabu waphuthuma ibhasi, kodwa yamshiya.

Uhambe ngezinyawo waya esikoleni.

USipoti uhambe naye.

Ufike emva kwesikhathi kakhulu esikoleni.

Sizwe uthisha ethi,


"Sikhathi sini lesi, Jabu?"



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 118 2019/01/02 11:21:34

Usuku:

Sithini isikhathi manje?
Dweba izinti zewashi.






Masibhale

Funda indaba uphendule imibuzo.


| |
|---|
| Kungani uJabu efike kamuva esikoleni? |
| Kungoba |
| Uye ngani esikoleni uJabu? |
| UJabu |
| Yini engayanga ngebhasi esikoleni uJabu? |
| Kungoba |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | | |
|---|---|---|
| mveze | mxoxise | izwa |
| mvuse | mxolele | izwe |
| mvale | mxoshe | izwi |



**Amagama okubhekisiswa**

lala
ibhasi
izwe



Masibhale

Zijwayeze lezi zinhlamvu, bese ubhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".


Sithini isikhathi manje



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 119 2019/01/02 11:21:35


# Sisho isikhathi





Masenzeni lokhu

Yisho kumngani wakho ukuthi uthi olufushane lwewashi lukhombe yiphi inombolo, bese usho ukuthi olukhulu lukhombe yiphi inombolo futhi.




Gcwalisa amahora nemizuzu ekhonjwe wuthi ngalunye.


| uthi olufushane | uthi olude | uthi olufushane | uthi olude | uthi olufushane | uthi olude | uthi olufushane | uthi olude |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | |




Masibhale Dweba izinti zewashi.




1 nqo



6 nqo



3 nqo



9 nqo





ZUL HL Gr2 B1 TT4.indd 120 2019/04/02 11:21:36

Usuku:



## Masibhale

Gcwalisa izinombolo esikhaleni.

| | |
|---|---|
|  | Ngivuka ngehora _____ nqo. |
|  | Ngilala ngehora _____ nqo. |
|  | Isikole singena ngehora _____ nqo. |



## Masizijabulise

Sika iwashi ngaphandle kwencwadi bese ulifaka izinti.
Khombisa umngani wakho izikhathi ezahlukene.





ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 121 2019/01/02 11:21:39

Usuku: ____________



UJabu udla ngehora lesithupha nqo.

UJabu ulala ngehora lesishiyagalombili nqo.

**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| UJabu uvuka ngasikhathi sini? |
| Uvuka |
| UJabu ugibela ibhasi ngasikhathi sini? |
| Ugibela ibhasi |
| UJabu ulala ngasikhathi sini? |
| Ulala |

**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-2 kulawa ukwenza imisho encwadini yakho yokubhalela.

| | |
|---|---|
| ihora | ezimpondweni |
| irula | indwangu |
| irandi | ophondweni |



**Amagama okubhekisiswa**
uvuka
ugibela
ubuyela
ulala

**Masibhale**

Isikhathi sithi



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 123 2019/01/02 11:21:41

# Okunye okuningi ngesikhathi










**Masenzeni lokhu** Qondanisa izikhathi kula mawashi.







**Masibhale** Bhala izikhathi bese udweba izinti zamawashi ukukhombisa izikhathi ezifanele.

| Ngikwenza ngasikhathi sini? | Isikhathi nqo | Bhala |
|---|---|---|
| Ngivuka ngehora |  | |
| Ngiya esikoleni ngehora |  | |
| Ngifika ekhaya ngehora |  | |
| Ngidla ngehora |  | |




**Masenzeni lokhu**



Khombisa izikhathi ezahlukene ewashini olisikile.



ZUL HL Gr2 B1 TT4.indd 124 2019/01/02 11:21:48



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ihora | irula | qhweba | qhwanda | iswidi | izwi |
| irandi | mveze | mjezise | mcabange | imbenge | mmele |
| mvuse | mvale | qhuga | qwa | shesha | indlela |
| ngena | ingane | shaqwa | into | iphuphu | shusha |
| ingalo | mcuphe | izwe | shayiswa | hloma | phupha |
| mcele | mcobe | mmise | imbazo | mdedele | inhloko |
| xwaya | phoxwa | indlu | iklasi | enhle | hleka |
| qhuba | utwayi | zwela | uzwile | iphela | mdudule |
| itwetwe | isonto | izwa | izwe | hha | imvubu |
| izwa | uswazi | izwi | sulwa | emva | iphaphu |
| mmeme | imbali | thulwa | lulwa | impi | mvale |
| indlovu | mxoxise | thwala | indlu | indlala | impisi |
| mxolele | mxoshe | indlela | indlovu | ngoba | imbuzi |
| imba | embatha | mjamele | mculele | indlala | ngena |
| imbobo | nyama | isigwili | gwinya | thetha | thatha |
| elinye | iqhwa | igwala | ntanta | hlikihla | thutha |



Masizijabulise

## Umjaho wamagama

Wena nabangani bakho khethani umzila womjaho enizoba nawo. Sebenzisa iwashi ukubona ukuthi kukuthatha isikhathi esingakanani ukufunda amagama asemzileni wakho. Ningaqala ukufunda ngesikhathi esifanayo. Guqulani imizila nifunde futhi. Yisebenziseni yonke imizila niqijimisane ukuze niqeqesheke. Wadwebeleni amagama animisayo emizileni ukuze nikwazi ukuzijwayeza wona.





ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 125 2019/01/09 10:04:39

Masifunde



# Izindaba Izindaba ezihlekisayo

USipoti umi noKunzwa ikati. Baseduze nomuzi kaGunzwa igundane. Bacela uGunzwa ukuthi aphume.

Kufika uKhonzwa inkomazi. "Nenzani lapha?" kubuza uKhonzwa.

"Sizocela oGunzwa noKunzwa basayine ukuthi uKunzwa ngeke esamudla uGunzwa," kuphendula uSipoti.

Kuvele uGunzwa ngekhanda. "Hhe! Nilethe uKunzwa ukuthi azongidla manje!"

Kukhulume uSipoti. "Cha, sifuna uKunzwa ayeke manje ukukudla."

"Angilidli ikati mina. Vele linenyama embi," kuphendula uGunzwa igundane.




ZUL HL Gr2 B1 TH4.indd 126 2019/01/02 11:21:47

Usuku:



**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

| |
|---|
| Umi nobani uSipoti namuhla? |
| USipoti umi |
| USipoti ubehamba nobani? |
| Bami kuphi? |
| Bami |
| Ubani ofika kubona besakhuluma? |
| Kufika |
| Bazokwenzani emgodini oSipoti? |



**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| uKunzwa | uGunzwa | uKhonzwa | hlanzwa | funzwa |
| manje | inja | nje | njalo | kunjalo |

**Amagama okubhekisiswa**

nomuzi
igundane
aphume



**Masibhale** Zijwayeze lezi zinhlamvu.
Bhala imisho encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini elibhalwe ukuthi "sisebenza ngamagama".

Imbuzi igqoke ijazi.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr2 B1 TH.indd 127 2019/01/02 11:21:47

